Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**IZIQHWAGA**

1 INingizimu Afrika ihlaselwe isihlava sokuba nabantu abayiziqhwaga. Lo mkhuba uqale embonini yamatekisi. Kuye kwenzeke ukuthi kube nohlelo okuvunyelwane ngalo, lwashicilelwa phansi, lokuthi izimoto zizolandelana kanjani uma zilayisha. Iziqhwaga zivele zifohlise itekisi lazo. Zeqa umugqa ngenkani zilayishe kuqala. Azigcini lapho, uma elinye itekisi seligcwele selithi liyahamba azinqeni ukuthulula bonke abagibeli bangene etekisini lazo elingekho emgqeni. Umshayeli oqhwagelwe abagibeli akukho angakusho, uthula du. Uthola ukuthi uze alayishe emuva kwesikhathi eside itekisi lakhe seliqale phansi layobamba ulayini kabusha. Lezi ziqhwaga zisatshiswa okwenyoka. Kwesinye isikhathi ziphoqa bonke abashayeli ukuthi bakhokhe isamba semali esithile njalo ngosuku. Akekho futhi ongake athi vu abuze ipasi nesipesheli ngoba **uyoyikhotha imbenge yomile**. Konke lokhu okwenziwa iziqhwaga kuhlukumeza abashayeli. Basebenza ngokwesaba ngoba bathi bedla bebe bejeqeza. Kuqubuka inzondo nelukuluku lokuphindisela. Abanye baze bancamele ukushiya umsebenzi wokushayela beyojika nelanga emakhaya.

2 Osomabhizinisi abasafufusa babhekene negwandla yeziqhwaga ezifuna umsebenzi ngodli. Lezi ziqhwaga zizingela abantu abasuke bethole amathenda okwenza noma yimuphi umsebenzi. Ziyabaphoqa ukuthi bazinike ingxenye yomsebenzi. Zifika sezingasadle nkobe zamuntu zisho khona ukuthi nazo zilambile. Kuyenzeka futhi zithi aziyidingi ingxenye yomsebenzi kepha zifuna ukuthi lona othole ithenda azikhokhele isamba semali. Uma enqaba ukwenza ezikushoyo zimisa nse umsebenzi ungaqhubeki. Umuntu olahlekelwa ngumsebenzi kanye nemali umnikazi wethenda. Kuphinde kuhlukumezeke nomphakathi obukade uzohlomula. Abantu abaningi abasekho nkamunkamu ukwenza umsebenzi wamathenda. Lezi ziqhwaga zivimbela intuthuko elethwa nguhulumeni, zibuye ziqedele abasuke bethole amathenda omsebenzi. Baningi abantu abalahlekelwe yimali eningi. Esikhathini esiningi lobu buqhwaga benziwa ngabantu abaziwayo futhi nabomthetho bayathalalisa.

Downloaded from Stanmorephysics.com


3 Ukufunda nokufundisa kuyaphazamiseka kwezinye izikole. Lokhu kuphazamiseka kudalwa iziqhwaga ezivela kuwo umphakathi owakhele isikole. Othisha abangebona abendawo bakhishwa inyumbazane babekwe amabala. Iziqhwaga ziyahlangana zakhe uzungu lokuxosha labo thisha. Zinjalo nje azinqeni ukusebenzisa izingane zesikole ukufeza izidingo zazo. Lokhu zikwenza ukuze kungene, kufundise noma kuphathe othisha bendawo. Okuxaka kakhulu ukuthi labo abazibiza ngothisha bendawo banele babe nezitifiketi zokufundisa babone sekufanele kudede othisha okudala befundisa. Bayakhohlwa ukuthi ukuze ube nguthisha kumele uqashwe kuqala futhi ube nguthisha oqeqeshelwe izifundo ezifundwa kuleso sikole ofuna ukufundisa kuso. Okunye okufunwa yilezi ziqhwaga, ukuthi ezikoleni kufundise izingane zalowo mphakathi eziphase ibanga leshumi nambili kuphela. Zingafundisa kanjani zingakuqeqeshelwe ukufundisa? Iziqhwaga zizithethelela ngokuthi inkankane nenkankane alidle umsundu wangakubo. Lesi senzo senza othisha basebenze ngokwesaba. Isikole asibe sisalawuleka kahle ngoba abafundi bayadungeka babe yimidlwembe. Kuba nemibhikisho kubuye kucekelwe phansi ingqalasizinda yesikole. Imiphumela yokuphasa kwabafundi iyehla kakhulu.

4 Iziqhwaga sezingene nasezindaweni zamakhosi. Zingena umuzi nomuzi ziqoqe imali nyanga zonke ngenkani. Uma zibuzwa ukuthi eyani imali zivele zithi imali yokuthi zigade umphakathi. Ukuthi umphakathi awucelanga ukugadwa akudokwe ligayelwe wona lelo. Lezi ziqhwaga azinazwelo ngoba imali ziyifuna ngisho nakulabo abahola impesheni. Umphakathi uyahlukumezeka. Eminye imizi izithola isingena ezikweletini ezingenasidingo. Azigcini lapho zingena umqasho nomqasho okhona endaweni zifike zitshele abaqashi ukuthi yizona esezizoqoqa imali yerenti. Umasitandi useyozwa ngabaqashi ukuthi kwenzekeni. Lezi ziqhwaga zizenzela umathanda. Ziyithatha yonke imali yerenti kumbe zithi kumasitandi abahlukaniselane. Umasitandi ugcina esehluleka ukubhekana nezindleko zonke zokugcina umqasho usesimeni esifanele aphinde angabe esakwazi ukushaya umthetho, njengomthetho wokuthi azenekwa izingubo zilenge emafasiteleni. Umnikazi womqasho usebenzele emuva kuhle kwenkukhu. Indaba yalezi ziqhwaga kukhulunywa ngayo emsakazweni nakumaphephandaba kepha akukho okungakho okwenziwayo okubonakalayo okwenziwa izinduna, amakhosi kanye namakhansela ukuvikela umphakathi kulezi ziqhwaga.

5 Kuningi okungenziwa ukuqeda iziqhwaga ezivimbezele intuthuko ezweni lethu. Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika ukubeka ngokusobala ukuthi wonke umuntu unelungelo lokukhululeka kanye nelungelo lokuthi angahlukunyezwa. Uhulumeni kumele kube nguye osukumela phezulu ukuqeda iziqhwaga ukuze kungabi kwamachanca kwampunzi edla emini.

[Umbhalo wokuziqambela]

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**ISITHOMBE-1**



**ISITHOMBE-2**



**ISITHOMBE-3**



**ISITHOMBE-4**



[zicashunwe ku: www.bully.com]

**IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1 Shono ukuthi yisiphi isihlava esesihlasele iNingizimu Afrika. (1)

1.2 Yisho imikhuba EMIBILI eyenziwa yiziqhwaga embonini yamatekisi. (2)

1.3 Chaza kafushane izinkinga ezibhekene nosomabhizinisi abasafufusa. (2)

1.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinkinga ezidalwa iziqhwaga mayelana nomsebenzi otholwa ngabantu abasuke bezuze amathenda. (4)

1.5 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

Usala encela isithupha kuchaza …

A ukuzisola.
B ukudideka.
C ukuhlupheka.
D ukuthukuthela. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.6 Ucabanga ukuthi ungaba njani umphumela ezikoleni uma kugcina kufundisa abantu bendawo kuphela? Sekela impendulo yakho. (2)

1.7 Iyini inhloso yombhali yokubhala lesi siqephu? (2)

1.8 Ngabe ukusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kukulekelele kanjani ukuqonda umqondo wale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

1.9 Ngokucabanga kwakho kungani umbhali walesi siqephu ethi umnikazi womqasho usebenzela emuva kuhle kwenkukhu? (2)

1.10 Uyazwelana yini nomphakathi ngenxa yezenzo zalezi ziqhwaga? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.11 Chaza okwenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.12 Nikeza okungumehluko okwenzeka esithombeni sesi-2 nesesi-3. (2)

1.13 Qhathanisa umqondo oqukethwe UMBHALO A ofundwayo isigaba sesi-3 kanye noqukethwe UMBHALO B obukwayo isithombe sesi-4. (4)

1.14 Ngokucabanga kwakho yikuphi okungenziwa nguhulumeni ukunqanda lesi sihlava sobuqhwaga? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezizathu ezenza ukuthi abafundi beqe ezikoleni.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezizathu ezenza ukuthi abafundi beqe ezikoleni usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA** esiqukethe amaphuzu ayisi-7.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**IZIZATHU EZENZA UKUTHI ABAFUNDI BEQE EZIKOLENI**

Kungumkhuba ovamile ukuthi izikole zibhekana nenkinga yabafundi abeqa ngesikhathi sokufunda. Bashiya amagumbi okufundela ngaphandle kwesizathu esinqala. Ngisho sebebanjiwe ukuthi bahambe isikole singakaphumi, kepha abawuyeki lo mkhuba. Izizathu zokweqa kwababafundi zehlukene.

Izikole ezigudle ugu zinenkinga yabafundi abaphuma isikhathi sokuphuma singakashayi beyobhukuda olwandle. Bashutheka izingubo zokubhukuda esikhwameni sezincwadi. Babhukuda usuku lonke babuyele ntambama emakhaya kube sengathi babuya esikoleni.

Baphutha ukuya emagunjini okufunda ngoba besuke beyobamba amatoho okusebenza emasimini ikakhulukazi izikole ezakhe eduze kwamapulazi. Basuke beyotshala, beyohlakula noma beyovuna amasimu. Kuyaxaka ngoba ngeke ubathole betshala izingadi emakubo. Bagqoka izingubo ezingamanikiniki benzela ukuthi babukeke bebadala kuneminyaka yabo ngoba bayazi ukuthi izingane ezisafunda isikole aziqashwa.

Enye yezimbangela eyenza abafundi beqe esikoleni ukufuna ukuyokwenza amadili anhlobonhlobo okuzijabulisa. Kulawo madili ziningi izinto ezingekho emthethweni abasuka bezijabulisa ngazo. Singabala ukubhema izidakamizwa, ukuphuza uphuzo oludakayo, njl. Kusuke kukwamachangca kwampunzi edla emini ngoba kuleyo mizi basuke bengekho abantu abadala. Imifaniswano yesikole iyakhishwa bese begqoka izingubo ezingaziwa emakhaya.

Umthetho we-National Liquor Authority awuvumeli ukuthi izindawo ezidayisa utshwala zakhiwe eduze nezikole kanye namasonto. Baningi abangawuhloniphi lo mthetho yingakho abafundi beqa beyocwila ezinkambeni zikaFaro. Kubuhlungu ukubona umfundi ediyazela ebe efake umfaniswano wesikole.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Izikole ezakhe eduze kwenxanxathela yezitolo ziba nenkinga yabafundi abashiya izifundo ukuze beyoqhuba izinqola ezithwala izimpahla zabathengi. Ubathola sebexabana bodwa bebanga amakhasimende. Bayobambana ngezihluthu kuze kudabuke nezingubo zesikole.

Kuvamile ezikoleni ukuthola abafundi behamba beyohlala emuva kwezindlu zokuzikhulula ngesikhathi sokufunda ngenhloso yokuthamela ilanga nokuphafuza ugwayi. Othisha ubathola belokhu bebakhalima wena owabona umelusi exosha imfuyo.

Okushaqisa kakhulu isenzo sabanye abantu abadala abaye bafike emahhovisi esikole bezocela abafundi bethi bangabazali babo kanti bangamasoka abizwa ngama '*blesser*'. Uma kwenzeka bengabuyeli emakhaya ngesikhathi sokuphuma kwesikole yilapho kuzovela khona ukuthi bekungeyena umzali lowo.

Abafundi abenza lo mkhuba basalela emuva ezifundweni futhi bangaba nebhadi lokuhlangabezana nengozi.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com



**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# DURBAN JULY

LO MJAHO WAQALA KULELI NGONYAKA WE-*1897*!
IBANGA ELIGIJINYWAYO: 2 200 km

**WALALA WASALA!**

**QHUDE MANIKINIKI - ZINDALA ZOMBILI**
**INKUNDLA: Greyville Racing Grounds**

**USUKU: 06 JULAYI 2024**
**Ixhaswe- inkampani yokugembula: Hollywood**






- <u>Amaphanta</u> azozitika ngomqhudelwano onedumela! Amathikithi abiza: R2 500 kuya ku-R6 000
- Lo mjaho wamahhashi uba kanye njalo ngonyaka.
- Osaziwayo bazobe bedlisela ngengqephu!

**Amathikithi athengwa ubuthaphuphu kulezi zinkundla.**
**PHUTHUMA:**

[Icashunwe ekhasini le-*Durban July*]

3.1 Shono ukuthi yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi. (1)

3.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kwezimpawu zokuxhumana ezitholakala kulesi sikhangisi. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.3 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kukasaziwayo kulesi sikhangisi kunamphumela muni? (2)

3.4 Sebenzisa igama elidwetshelwe emshweni ozakhele wona ukukhombisa ukuthi incazelo yalo uyayiqonda. (2)

3.5 Phawula ngekhono lomkhangisi lokusebenzisa izithombe kulesi sikhangisi. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**IFREYIMU YOKU-1**




**IFREYIMU YESI-2**




[Ithathwe ku-<u>successcartoons</u> yahunyushwa]

4.1 Nikeza umuzwa ovezwa yinkulumo yalaba abahlekayo kule khathuni. (2)

4.2 Chaza kafushane ukuthi zisetshenziselweni izibiyelo ezingefani efreyimini yoku-1. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.3 Ngabe le khathuni engenhla ihleleke kanjani?

Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

A Iyaqhathanisa ibuye yehlukanise
B Ithula inkinga nesisombululo
C Iyachaza ibuye ilandise
D Ithula izigameko ngokweminyaka (1)

4.4 Ucabanga ukuthi amagama athi, 'Nathi sayifunda kanjalo ingqayika' atholakala kule khathuni agudliselani? (1)

4.5 Ucabanga ukuthi izimpawu eziyimidwebo emufushane etholakala kule khathuni zisetshenziselweni? Sekela impendulo yakho. (2)

4.6 Phawula ngomuzwa oqukethwe isigejana samagama adwetshelwe kule khathuni. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

**ISIPHANDLA**

1 Abantu basebenzisa izindlela eziningi ukuhloba nokugcina isiko. Elinye ilunga lomzimba elivame ukusetshenziswa isihlakala. Zintathu izinhlobo zesiphandla eziye zifakwe <u>e</u>sihlakaleni. Isiphandla esenziwa ngomdweshana owelukwe ngotshani ogqokwa esihlakaleni. Ubuhle balesi siphandla buya ngekhono lwaloyo olukayo ukuthi ukwazi kangakanani ukukhipha ikhono lakhe lokweluka. Wonke umuntu <u>angasiqqoka</u> lesi siphandla uma esithanda. Olunye uhlobo lwesiphandla yilelo oluklonyeliswa <u>insizwa</u> okuyimendlela yempi eklonyeliswa ngoba ihlabene empini. Insizwa iyaye ibonwe **njengeqhawe** esizweni izigqaje ngaso ngoba sisho ukuthi isebenzile yavikela isizwe.

2 Kuvamile-ke kulesi sikhathi samanje ukuthi kubonakale abantu abangamaZulu beqqize ngesiphandla sesikhumba esisikwa enqineni lembuzi. Lesi siphandla siyahlonishwa kakhulu ngoba sigqizwa ngemuva kokuhlatshwa kubongwa noma kushwelezwa kwabaphansi ngokwenzekile obekungafanele. Kwesinye isikhathi lesi siphandla sifakwa yilowo osuke ehlabe imbuzi ecelelwa izinhlanhla. <u>Siyahlonishwa lesi siphandla futhi asikhishwa nje noma yinini, size sizinqamukele</u>. Abangazi bangaze bathi umuntu ofuna ukuvunula **uvele** asifake nje lesi siphandla uma ethanda.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe emgqeni wesi-3 sisetshenziselweni. (1)

5.2 Phinda ubhale igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wesi-6 selikhomba ukuphika. (1)

5.3 Sebenzisa igama elidwetshelwe emgqeni wesi-7 emshweni ozakhele wona selinikeza umqondo ohlukile kunalo osendabeni. (2)

5.4 Chaza kafushane ukuthi igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-8 lisetshenziselweni. (2)

5.5 Khetha impendulo EYODWA eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

Shono ukuthi le thekisthi ihleleke kanjani:

A Ukuchaza
B Ukuhlaziya
C Ukulandelana
D Ukuhlukanisa (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.6 Emshweni odwetshelwe emgqeni we-15 kuya kowe-16, khipha isihlanganiso, u 'futhi' bese ubhala lo musho usunesihlanganiso esikhomba isizathu. (1)

5.7 Lisetshenziselweni igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-16? (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.
.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO IQINISO/UMBONO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
A. UKhethi/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1 INingizimu Afrika ihlaselwe isihlava sokuba nabantu abayiziqhwaga ezihlukumeza umphakathi. ✓ (1)

1.2
- Iziqhwaga zivele zifohlise itekisi lazo✓
- Zeqa umugqa ngenkani zilayishe kuqala. ✓
- Azinqeni ukuthulula bonke abagibeli bangene etekisini lazo iziqhwaga. ✓
- Kwesinye isikhathi ziphoqa bonke abashayeli ukuthi bakhokhe isamba semali esithile njalo ngosuku. ✓

(Okubili kwalokhu) (2)

1.3 Osomabhinisi abasafufusa babhekene nengwandla yeziqhwaga ezifuna umsebenzi ngodli. Lezi ziqhwaga zizingela abantu abasuke bethole amathenda okwenza noma yimuphi umsebenzi. Ziyabaphoqa ukuthi bazinike ingxenye yomsebenzi.✓✓ (2)

1.4
- Zifuna ukuthi lona othole ithenda azikhokhele isamba semali uma enqaba ukwenza abakushoyo zimisa nse umsebenzi, ungaqhubeki. ✓
- Kuphinde kuhlukumezeke nomphakathi obukade uzohlomula ngokulungiselwa izingqalasizinda nokuthola umsebenzi. ✓
- Lezi ziqhwaga zivimbela intuthuko elethwa nguhulumeni, ✓
- Iziqhwaga zibuye ziqedele abasuke bethole amathenda omsebenzi. ✓ (4)

1.5 C/ Ukuhlupheka. ✓ (1)

1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba nemiphumela ehlukene. / Kungaba nomphumela omuhle ngoba abantu bendawo bangasebenza ngokuzimisela ukuthuthukisa indawo yabo. Kungaba nomphumela omubi ngoba lezo zikole ezisebenzisa abantu bendawo kuphela zingalahlekelwa ulwazi obelungalethwa abanye othisha abaqhamuka kwezinye izindawo. ✓ ✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

1.7 Inhloso yombhali walesi siqephu uzama ukufundisa noma ukuqwashisa abantu ngemikhuba eyenziwa ngabanye abantu abafuna ukuzinothisa bona. Uzama ukuvukuza/ukugqugquzela umphakathi ukuba ubhukule uzame ukuvikela intuthuko elethwa nguhulumeni ezindaweni abahlala kuzona. Uzama ukuxwayisa imiphakathi ukuthi lezi zenzo zingaphazamisa amathuba okuthuthukisa umnotho ngoba abatshalizimali bazokwesaba ukugembula ngemali yabo.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Uzama ukuxwayisa labo abangavumelani nalokhu okufunwa yiziqhwaga ngoba bangagcina sebebulawa noma kuhlukunyezwe imindeni yabo. ✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

1.9 Ngicabanga ukuthi uveza ukuthi laba bantu abazama amabhizinisi emiqasho bayalahlekelwa ngoba inzuzo okungabe bayayithola abayitholi. Enye ingxenye yemali eningi ithathwa yizo lezi ziqhwaga. ✓✓ (2)

1.10 Ngiyazwelana nabo ngoba uma laba bantu bengazama ukuthatha izinyathelo bangazithola sebeba nyamanambana. Lezi ziqhwaga zingababulala noma zibaphilise kabi.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)

**NOMA**

Angizwelani nalo mphakathi ngoba uyababukela laba bantu abenza lezo zenzo ezimbi. Ziningi izinto ebezingenziwa ngumphakathi ukuzama ukunqanda lesi sihlava.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.11 Okwenzeka esithombeni soku-1 kunomuntu obanjwa ngabantu besilisa ababili ngesidlozana eduze kwetekisi, abanye abantu besilisa bayabukela.✓✓ (2)

1.12 Okungumehluko wukuthi esithombeni sesi-2 kunomuntu ophethe isibhamu ngesandla ekhomba umnini sitolo. ✓ Esithombeni sesi-3 kunabantu abenza umsebenzi onzima baxova udaka.✓ (2)

1.13 Umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili iyefana ngoba kukhulunywa ngokubhikisha. EMBHALWENI A esigabeni sesi-3 kukhulunywa ngokuhlangana kweziqhwaga zisebenzisa izingane zesikole ukuxosha nokubhikishela othisha abangebona bendawo.✓✓ EMBHALWENI B esithombeni sesi-4 kunabantu abasha ababhikishayo, baphethe uqwembe olunemibhalo yalokho abakufunayo. ✓✓ (4)

1.14 Ngicabanga ukuthi uhulumeni angahlela izimbizo/ imihlangano nalezi ziqhwaga ngoba basuke baziwa laba bantu abenza lo mkhuba, axoxisane nabo nangobungozi ababudalayo ikakhulukazi emnothweni wezwe. Uma beqhubeka nokungalaleli umthetho uthathe indawo yawo, baboshwe.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

## UMBHALO C

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Izikole ezigudle ugu zinenkinga yabafundi abaphuma isikhathi sokuphuma kwesikole singakashayi beyobhukuda olwandle. | 1 | Abafundi bayeqa ezikoleni ngenhloso yokuyobhukuda olwandle. |
| 2 | Abafundi baphutha ukuya emagunjini okufunda ngoba besuke beyobamba amatoho okusebenza emasimini kulezo zikole ezakhe eduze kwamapulazi. | 2 | Abanye abafundi abayi emagunjini okufundela ngenhloso yokuyosebenza okwesikhashana ezingadini zasemapulazini. |
| 3 | Izingane zeqa esikoleni ukufuna ukuyokwenza amadili anhlobonhlobo okuzijabulisa. | 3 | Abafundi baphuma ngokungemthetho ngesikhathi sesidlo sasemini ukuya emadilini ahlukene okungcebeleka. |
| 4 | Baningi abangawuhloniphi lo mthetho yingakho abafundi beqa beyocwila ezinkambeni zikaFaro. | 4 | Ukungawuhloniphi umthetho kwabadayisayo kwenza abafundi beqe baye kophuza utshwala. |
| 5 | Izikole ezakhe eduze kwenxanxathela yezitolo ziba nenkinga yabafundi abashiya izifundo ukuze beyoqhuba izinqola ezithwala izimpahla zabathengi. | 5 | Abafundi bashiya izifundo ukuze baye ezitolo beyothwalela labo abasuke bethenge izimpahla eziningi. |
| 6 | Kuvamile ezikoleni ukuthola abafundi behamba beyohlala emuva kwezindlu zokuzikhulula ngesikhathi sokufunda ngenhloso yokuthamela ilanga nokuphafuza ugwayi. | 6 | Sekuwumkhuba ojwayelekile ukuthola abafundi beshiya izifundo ukuze beyothamela isigcaki emuva kwezindlu zangasese nokuyobhema ugwayi. |
| 7 | Okushaqisa kakhulu isenzo sabanye abantu abadala abaye bafike emahhovisi esikole bezocela abafundi bethi bangabazali babo kanti bangamasoka abizwa ngama '*blesser*'. | 7 | Isenzo esethusa kakhulu yileso sokuphuma becelwa ngobaba abadala abathandana nabo ababizwa ngama '*blesser'.* |

Abafundi bayeqa ezikoleni ngenhloso yokuyobhukuda olwandle. Abanye basuke beyosebenza okwesikhashana ezingadini zasemapulazini. Abafundi baphuma ngokungemthetho ngesikhathi sesidlo sasemini ukuya emadilini ahlukene okungcebeleka. Ukungawuhloniphi umthetho kwabadayisayo kwenza abanye beqe bayophuza utshwala. Sibabonile nabanye beshiya isikole singakaphumi ukuze baye ezitolo beyothwalela labo abasuke bethenge izimpahla eziningi. Sekuwumkhuba ojwayelekile ukuthola abafundi beshiya izifundo ukuze beyothamela isigcaki emuva kwezindlu zangasese nokuyobhema ugwayi. Isenzo esethusa kakhulu yileso sokuphuma becelwa ngobaba abadala okuthiwa ngama '*blesser. '*

[Inani lamagama =70]

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ANNEXURE A**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

**QAPHELA**: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**INDLELA YOKUMAKA:**

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
    Isb: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:

C / Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

**UMBUZO 3**

3.1 Kukhangiswa umdlalo owumqhudelwano wamahhashi i-Durban July. ✓ (1)

3.2 Lezi zimpawu zisetshenziselwe ukugqamisa izinga lo mdlalo okulo nokuthi uhanjelwa ngabantu abathile abanolwazi lokusebenzisa lezi zinkundla ezahlukene zokuxhumana./Okunye ukuveza ukuthi kushesha kangakanani ukuzitholela ithikithi ngokusebenzisa u-Twitter, F*acebook* kanye *noWhatsapp* njengoba abantu bephuthuma kulezi zinkundla. ✓✓✓ (3)

3.3 Indlela yokukhangisa esetshenziswe kulesi sikhangisi ukufaka usaziwayo kuyindlela yokunxenxa abantu ukuba bakuthakasele ukuza kulo mjaho ngoba bazobona osaziwayo ababathandayo. / Abantu bazozibona nabo besezingeni elifana nelosaziwayo.✓✓ (2)

3.4 Amaphanta ayakujabulela ukuba senkundleni yamahhashi ukuze azibonele bukhoma egabavula. ✓✓

(Neminye imisho enembayo iyokwamukeleka) (2)

3.5 Umbhali walesi sikhangisi usebenzise kahle lezi zithombe ngobuhlakani ukukhangisela izethameli ezehlukene. Usebenzise isithombe samahhashi ukukhangisela amaphanta, labo abathanda ukubhejela umjaho wamahhashi. Aphinde asebenzise isithombe esinosaziwayo/abantu abadle ingqephu ngenhloso yokukhangisela labo abazifelayo ngengqephu nokuzijabulisa. ✓✓ (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4**

4.1 Umuzwa wokubhuqa / wokujabula / wokuklololoda wozwelo njengoba behlekisa ngomfana owiswe yibhayisikili, ✓✓ (2)

4.2 Izibiyelo ezingefani zisetshenziselwe ukugqamisa izenzo ezingefani ezivezwa abalingiswa njengoba besiveza ngokucabanga nangokuphimisa amazwi.✓✓ (2)

4.3 C.✓/Iyachaza ibuye ilandise ✓ (1)

4.4 La magama agudlisela ukuthi akubanga lula ukufunda ukugibela ibhayisikili, nabo bawa / uyamduduza✓ (1)

4.5 Ngicabanga ukuthi le midwebo isetshenziselwa ukukhombisa ukuthi laba balingiswa bayanyakaza. ✓✓ (2)

4.6 Isigejana samagama adwetshelwe kule khathuni sethula umuzwa wokuklololoda / wokungazwelani noma ukujabula njengoba lo obehamba ngebhayisikili usewile. ✓✓ (2)

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] **[10]**

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

5.1 Sisetshenziselwe ukuveza umqondo wokukhomba indawo /lapho kutholakala khona isiphandla.✓ (1)

5.2 Wonke umuntu angesigqoke lesi siphandla uma ethanda. ✓ (1)

5.3 Uthe umelusi akayiboni insizwa kulo mhlambi abuye nawo. ✓✓ (2)

5.4 Leli gama lisetshenziselwe ukufanisa ubuqhawe phakathi komuntu ohlabene empini nalowo ozizwa ephumelele empilweni. ✓✓ (2)

5.5 A/ Ukuchaza.✓ (1)

5.6 Siyahlonishwa lesi siphandla <u>ngoba</u> asikhishwa nje noma yinini, size sizinqamukele.✓ (1)

5.7 Lisetshenziselwe ukulekelela igama elilandisayo/eliyisenzo "asifake' nokuveza ukuthi umuntu akazikhetheli nje ukugqoka isiphandla kungekho sidingo. ✓✓ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**